



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 187 • MARCH 2016

## UNDUNANKULU UHLANGENE NAMADODANA ASEWESILE



UNdunankulu wakwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu ngenkathi ezothamela inkonzo namadodana aseWesile eShowe. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

■ OkaMacingwane uphawule ngokuthi izinto ezinhle ezenzakalayo kulesisiFundazwe azizenzakaleli nje kodwa kunabantu abathize emvakwazo noma ngabe ubonani enhle eyenzakalayo kusho ukuthi khona abantu abahle noma khona abantu abenza leyonto nokwenza ukuthi kube nomthelela wezinto ezinhle ezenzakalayo esiFundazweni. **Bheka udaba ekhasini 3**





# OKUNGAPHAKATHI



## UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL WETHULE INKULUMO ENOHLONZE EHLANGENE NAMADODANA ASEWESILE

### IKHASI 3

Kube injabulo yodwa ukufika kukaNdunankulu waKwaZulu-Natali umnu Senzo Mchunu emhlanganweni owenziwa yamnyaka yonke yamaWeseli ebihlanganisa omasipala bogu kusukela eThekwini kuya eMkhanyakude. UNdunankulu uhlabe ingoma yamaWeseli kwezakala ukuthi inkonzo into esegazini nasemizweni yakhe.

## KUQHAKAMBE INJABULO UHULUMENI EKHANYISA UGESI

### IKHASI 6

Intomb'endala ewu Ntombikayise Dlamini ayikholwanga ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali ekhanyisa ugesi okokuqala endaweni yase Alpha East ngaphansi kuka Ward 6 kumasipala aBaqulusi kulempelasonto eyedlule.

## UHULUMENI UQINISA IZINHLELO ZOKULWA NESOMISO EMBONINI YOMOBA

### IKHASI 8

Esinyathelweni esinjongo yaso ukuthuthukisa abalimi abamnyama abatabalasa emkhakheni wokutshalwa kukamoba KwaZulu-Natali, uHulumeni kazwelonke usufake imali engu-R74 million.

## UMABUYAKHULU NESEXWAYISO NGOMTHELELA WESOMISO KWEZOMNOTHO

### IKHASI 11

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ukuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMichael Mabuyakhulu uthi isomiso esidla lubi ezweni lonke sesiholele ekutheni intengo yokudla ezitolo inyuke ngendlela eyisimanga.

## USCOTT NO-ABSA BADINGIDA ISABELOMALI SESIFUNDAZWE NABEZAMABHIZINISI ETHEKWINI

### IKHASI 14

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkz. Belinda Scott, kanye neBhange lakwa-ABSA banxuse ukuthi kuqiniswe ubambiswano phakathi kukahulumeni nabezamabhizinisi ukuze kufukulwa umnotho wesifundazwe.

# MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:** Thamsanqa Ngwenya  
**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza  
**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza

**Abezithombe:**  
Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI





# UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL WETHULE INKULUMO ENOHLONZE EHLANGENE NAMADODANA ASEWESILE ESHOWE

Mhlawumbe ngokuba khona kwenu la nizodumisa nesikhathi enizibekele sona mhlawumbe nje imvuthuluka eyowa eceleni kulenkonziso iyobusisa sonke isizwe.

## CUTHBET NZUZA

Kube injabulo yodwa ukufika kukaNdunankulu waKwaZulu-Natali umnu Senzo Mchunu emhlanganweni owenziwa yamnyaka yonke yamaWeseli ebihlanganisa omasipala bogu kusukela eThekwini kuya eMkhanyakude. UNdunankulu uhlabale ingoma yamaWeseli kwezwakala ukuthi inkonzo into esegazini nasemizweni yakhe.

Abebesingathe lenhlanganiso singabala uMongameli webandla ubaba uMadwe, ubaba uFakude nobaba uNdllovu ophethe Eshowe nabefundisi bamasekethe kanye nododana. Abaholi nezinsika zalelibandla abavela komasipala abehlukene: oweTheku, ILembe, UThungulu, Zululand kanye noMkhanyakude. Kulemhlangano kube nezivakashi eziphuma ngisho emazweni angaphandle kwezwe lakithi okubalwa kulo iZimbabwe.

Ukufika kwethimba laseZimbabwe kwenze okaMacingwane athi unethemba lokuthi abazange bahlukumezeke emngceleni wethu ngenkathi beza kulomhlangano. Uqhube wathi wethemba ukuthi izinsuku abazozichitha be lapha kulesisiFundazwe saKwaZulu Natali bazophatheka kahle.

Ube eseveza ukuthi umlando waleli (South Africa) nelaseZimbabwe ikakhulukazi kwaBulawayo nezindawo abaqhamuka kuzo kunoxhumano olusuka kude ngesikhathi seLembe. Uveze nokuthi ababeganga basihlukanisa ngesikhathi samazwe ngamazwe beqhwa amazwe bewaphatha eyeka ukuziphatha bewagqilaza ngesikhathi samaNgisi kodwa ilokhu safana ukuba abantu abamnyama ayikho into ebhaliwe ukuthi ningabase Zimbabwe nihlukile kithina kodwa sonke simunye. Uma sesifika eZulwini ngeke kuthiwe abaseZimbabwe ngapha

abaKwaZulu-Natali abangene ngapha. Umuntu ngomuntu koyangokuthi kwenzekaleni empilweni yakhe esaphila.

UNdunankulu ubonge amadodana aseWeseli ngokwenza lenkonzo Eshowe ehlanganisa abantu abaningi kangaka ngobuhle bedumisa uNkulunkulu, wathi lokhu kuzokwenza ukuthi kube nomthelela omuhle ezintweni ezinhle ezenzakala kulesisiFundazwe saKwaZulu-Natali.

Uhalalisele amadodana aseWeseli ngenkonzo yawo ehlelwe uMdali ukuthi azohlangana adele konke azodumisa adingide izinto ezibathintayo njengamadoda kanye nebandla. Lelisu lomdali lihle kakhulu, wathi abahlane njalo bebambelele kulo. Uthe, “Mhlawumbe ngokuba khona kwenu la nizodumisa nesikhathi enizibekele sona mhlawumbe nje imvuthuluka eyowa eceleni kulenkonziso iyobusisa sonke isizwe” Ube esebonga amadodana aseWeseli ngokuphakamisa igama lamadoda ngoba liyashabalala ezindaweni eziningi.

OkaMacingwane uphawule ngokuthi izinto ezinhle ezenzakalayo kulesisiFundazwe azizenzakaleli nje kodwa kunabantu abathize emvakwazo noma ngabe ubonani enhle eyenzakalayo kusho ukuthi khona abantu abahle noma khona abantu abenza leyonto nokwenza ukuthi kube nomthelela wezinto ezinhle ezenzakalayo esiFundazweni.

“Lamadodana aseWeseli angabanye alabobantu abenza lokho nesibabongako kakhulu” kusho UNdunankulu. Uthe phakathi kwalababantu besilisa abahlangene lapha Eshowe kunabantu abasebancane okwenza babeyisibonelo esihle kakhulu. Lokhu kukodwa nje kukhomba ukuthi abantu besilisa kufanele bakhule kanjani, bakhulelephi ezintweni ezenziwayo



Amadodana aseWesile eShowe ngesikhathi kunenkonziso. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

okuyinto enhle kakhulu ebongwa nawuHulumeni wesiFundazwe.

Uthe amadodana aseWeseli ayisibonelo esihle kubantu abasebancane ukuya phambili ngoba isizwe siyashoda ngabantu abazibonelo ezinhle. UNdunankulu uthetha ukuthi ingabantu abakhona emphakathi abasebenza nomphakathi okholwayo, kube khona ukubambisana phakathi kwabo noHulumeni ukuze izinto abazifisayo nezinto ezifiswa uHulumeni kubonakale ukuthi azihlangani yini. Uthe kulezizinto kungabalwa ukuhlukunyezwa kwabesimame, izingane kanye nokudlwengulwa. Ukuphawula kukaMacingwane kuveze ukuthi ngomgomo wopolitiki ihamba kahle kuzozonke izinhlangano kodwa uma ubuka ukwenza kosopolitiki bukhona ubuthakathaka. Imigomo.

Kubonakala kunokuxega kokuziphatha kubantu bepolitiki yingakho ubuholi bugxega. Ube esefisa ukuthi uNkulunkulu asihlakaniphise kuleyomkhakha

esibuthaka kuyo wathi uma sikhuleka ngalesisikhathi senkonzo yamaWeseli abelekelele ekwenzeni kwabo thina njengabaholi. Uthe imithandazo izolekelela ekutheni kuqine izimilo futhi bandedukiswa. Uthe ngenkathi bezama ukuzikhulula ekuphathweni amanye amazwe kanye nobandlululo babeselandela imigudu eyayibahola ngobuqotho nangokusebenzela ukukhulula isizwe sonkana. Uthe izwe nezwe liqiniswa umnotho obavunayo wathi ngisho abantu basemakhaya uma umnotho usimeme ngisho kungaba nezinkinga akuzweli uma isimo somnotho sibavuna. UNdunankulu ubenikeza ulwazi lwezomnotho nanokuthi ukwehla noma ukunyuka kwamandla omnotho kuzithinta kanjani izakhamuzi. Izinkulumo ezinje eziqaga umqondo wabantu nezibafundisa ukuthi baqonde ukuthi isigameko nesigameko esenzeka ezweni sinomthelela emnothweni wezwe nesifundazwe.

Ukhale kakhulu ngokwehla kwezinga lokuziphatha Kanye

nenkohlakalo edla luthi. Wathi uHulumeni uyalwa nenkohlakalo kodwa iseyinde indlela. Uthe ngonyaka owedlule uHulumeni wakhe wabuyisa imali engaphezulu kwezigididi ezingamakhulu amahlanu eyayiqolwa ngabasebenzi, wathi lokhu kukodwa kumele kubonakalise ukuthi uHulumeni uyazama ukubhekana nalengwadla.

UNdunankulu uphethe ngokuthi bazimisele ukujika lendawo yaseShowe ukuze bakwazi ukuvula amathuba angasiza inqwaba yabantu abahlezi emigwaqeni ngoba bengenawo amathuba emisebenzi.

“Sinenkolelo ethi wonke umuntu ukhanda uNkulunkulu ngenhloso ethile. UNkulunkulu akekho hlwempu lapho ekhona futhi uhleli kahle” kusho uNdunankulu.

Uthe abantu abathandazele ubuhlakani obungenza isizwe siphume kulezizinkinga esikuzo ukuze abantu bangabulawa ububha.



**21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE**  
**DURBAN ICC JULY 18-22, 2016**

**“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”**



**ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !**





UMongameli wezwe uMnu. uJacob Zuma bencokola noNdunankulu wakwaZulu-Natal uMnu. uSenzo Mchunu ngosuku waMalungelo abantu eMoses Mabhida Stadium. Izithombe: **ZANDILE SHANGE**

# UNDUNANKULU UTHI UMLANDO WALEZIZWE UHLUKE KAKHULU KUNOWAMANYE AMAZWE UMA KUKHULUNYWA NGAMALUNGELO ABANTU

Sebebaningi abantu abazuzile kuleNkululelo eyalwelwa, kanti akekho noyedwa ongathi ngisho iphunga lenkululeko alikhaze limthinte selokhu sakhululeka.

## SIBUSISO MAGWAZA

Umlando weNingizimu Afrika uhluke kakhulu kunowamanye amazwe uma kukhulunywa ngamalungelo abantu. Umzabalazo wokulwela amalungelo abantu waziwa ngengcindezelo eyaqalwa ngamaNgisi kwagcina ngale eyayiqhutshwa ngamabhunu kusukela ngabo 1948. Kulomzabalazo wamalungelo abantu kwakunobunzima, ingcindezelo kanye nokufa kwabantu. Amaqhawe omzabalazo ayevela ku ANC okuyinhlangano eyazuza

inkululeko, ayehlushwa ngabacindezeli kanti namalungelo abo ayehlukunyezwa. Kusukela ngo 1994, izwe selenze omkhulu umehluko ukushintsha izimpilo zabantu. Maningi kakhulu amalungelo abantu asehlonishwa yiloHulumeni, kodwa abengahlonishwa ngesikhathi sobandlululo. Ezemfundo, ezeMpilo, Amanzi, IZindlu kanye neMigwaqo sekuyakwazi ukufikelela kubo bonke abantu, ngisho nalabo abasemaphandleni. UNdunankulu uqhube wathi nakuba kusekuningi okusadingeka,

kodwa kuningi ngakhulu osekuzuzwe yiloHulumeni. Uthe ukugujwa kwamalungelo abantu kulonyaka kubalulekile uma kuqhathaniswa neminye iminyaka. Uthe into ebaluleke kakhulu kulonyaka ukuthi unyaka wokhetho. “Kuzokhumbuleka ukuthi kuyo yonke leminyaka yobandlululo abantu abayiningi kulelizwe bebengenalo ilungelo lokuvota, kodwa kuthe makuqala intando yening ngo 1994 wonke umuntu wathola ilungelo lokuzikhethela uHulumeni” kusho uNdunankulu. Ukuqondana kwalonyaka wokugubha

amalungelo kanye nokuthi unyaka woKhetho, kwenza kubaluleke kubobonke abantu belesisiFundazwe ukubamba iqhaza kwinqubekela phambili yezwe labo. Uthe, sebebaningi abantu abazuzile kuleNkululelo eyalwelwa, kanti akekho noyedwa ongathi ngisho iphunga lenkululeko alikhaze limthinte selokhu sakhululeka. IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sihlonzwe ukuba siphathe umcimbi kaZwelonke wamalungelo abantu kulonyaka ngenxa kokuthi sinozinziso nenqubekela phambili.

Uqhube wathi uHulumeni wesifunda uzibekela yena imigomo ekufanele ayifeze ungakapheli lonyaka wezimali. Ubale ukwakhiwa kwezindlu, ukuqedwa kwendlala nanokuletha izinsiza ezisheshayo kubantu. Uthe baningi kakhulu abantu kulesisiFundazwe asebehlomulile kwezomnotho njengoba uHulumeni enza isiqiniseko sokuletha intuthuko emakhaya nasemalokishini. Lokhu sekuvumbulule inqwaba yosomabizininisi abancane, kwakhanda namathuba emisebenzi.





# WETHULELWE ISIGQOKO UMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU KWAZULU-NATAL

■ Nakanjani ngizosungula inkampani yami ngiqeqeshe abanye abafana nami abaqhamuka emakhaya ahlwempu,” kusho uNosihle obezwakala ukuthi uthintekile emoyeni.

## SIYABONGA SIGWEBELA

UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali, ngaphansi koHlelo lwawo lweMisebenzi Yomphakathi Esatshalalisiwe (EPWP), unike intsha yaKwaMakhasa kanye neyasezindaweni ezakhele indawo yaseHluhluwe ithuba eliyinqayizivele ngohlelo lwawo lokuqeqeshela ukwakha izindlu. Igcine ibonakele imiphumela yokusebenza ngokuzikhandla kanjalo neyokuqeqeshwa ngokufunda kanye nokwenza mathupha okudonse izinyanga eziyisithupha kubafundi abangama-200 abavela eMphakathini waKwaMakhasa (ngaphansi kukaMasipala waseHluhluwe, i-The Big Five False Bay). Injabulo ibibhalwe ebusweni kulaba bafundi be-EPWP ngosuku lwangoLwesibili lwamhla ziye-15 kuNdasa wezi-2016 okuwusuku abebeklonyeliswa ngalo ngomsebenzi wabo, lapho bamukelise khona izitifiketi nguNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu. R.R. Pillay (ongakwesokunxele ngezansi) kanye neNhloko Yomnyango, uNk G.M. Apelgren-Narkedien (ongakwesokudla ngezansi). Ukuqeqeshwa kanye nokuklonyeliswa kwabafundi kube yimpumelelo ngenxa

yokusebenzisana okuhle phakathi koMnyango, uMkhandlu Wezokurejistwa Kwabakhi Bezindlu Kuzwelonke (i-NHBRC), i-Go Big Construction kanye neSakhisizwe Training and Contractors. Lolu hlelo llungeminye yemizamo yoMnyango yokusungula amathuba emisebenzi kanye nokulwa nobubha, olwenza ngokusebenzisana nabanye. Ekbuluma nabafundi emcimbini wokuklonyeliswa kwabo uNgqongqoshe u-Pillay ugqizelele ukuthi, “kungumsebenzi wenu ukuthuthukisa impilo yenu”. Uphosele abafundi inselelo yokuthi bangawayeki amathuba avelayo. Uphinde wabakhuthaza ukuthi imali yokuqinisa iphakethe abayitholayo bayonge yikhona bezofunda ukuphatha imali nabo bakwazi ukubamba iqhaza elibonakalayo emiphakathini yabo kanye nasemnothweni wezwe. Lowo muzwa wenanelwa nguSihlalo weKomidi Lesishayamthetho Elibhekele Ukusebenza Komnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu I.S. Mkhize (osesithombeni ngenhla), naye okhuthaze abafundi ukuba baqhube izifundo zabo ukuze bandise amathuba okuthola umsebenzi. UNk Nosihle Ntombifuthi Gumede (ongakwesokunxele



ngenhla), okwathi emva kokushona kukanina kwaba nguye obhekela izingane zakwabo ethatha indawo yokuba ngumama, nguye okhulume egameni labafundi. “Ngithanda ukuba novalo uma ngibheka ikusasa ngoba angazi ukuthi lingiphatheleni, kodwa enginesiqiniseko sakho ukuthi selizokhanya manje ngenxa yalokhu esengikwenzelwe nguMnyango.

Nakanjani ngizosungula inkampani yami ngiqeqeshe abanye abafana nami abaqhamuka emakhaya ahlwempu,” kusho uNosihle obezwakala ukuthi uthintekile emoyeni. UMnu Mfanafuthi Zulu, omi eduze kukaNosihle wayelungabaza lolu hlelo lusaqala. Manje usengomunye umuntu osenezinhloso zokusungula elakhe

ibhizinisi lokubaza nelokubeka isitini. Seliqhakaze kakhulu futhi ikusasa kubafundi abayi-10 abanikwe isiqiniseko sokuthi bazothola imifundaze yokuqhuba izifundo zabo emkhakheni wezokwakha abazozenza eMtheshana Trade and Vocational Education Training College.

# Umnyango wezempilo kwaZulu-Natal usishaye le ihlombe isabelo mali sikangqongqoshe wezimali wesiFundazwe

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal ususishaye le ihlombe isabelo mali soMnyango esingu R109-billion sika 2016/2017. Lesi sabelo mali sizokwazi ukwelekelela uMnyango ekuhambiseni ngamandla izinhlelo eziyisishiyagalolunye ezimqoka, eziku-National Development Plan ka-2030. Ephawula uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ngesabelo mali sikaNgqongqoshe wezimali esifundazweni uBelinda Scott, uzwakalise ukuba nethemba ngokuthi izinhlelo zoMnyango wezeMpilo angeke ziphazamiseke nakuba isimo somnotho wezwe singesihle. “Sithanda ukubonga

kakhulu uHulumeni wethu oholwa i-ANC, ngokusethulela isabelo mali esihle kangaka, njengoba sazi sonke ukuthi umnotho wezwe uthanda ukuntengantenga, kodwa lokho angeke kuze kuphazamise izinhlelo zethu zoMnyango. Sisazoqhubeka nokuhlizeka ngemishanguzo yesifo sengculazi ama ARV’s sifinyelele ebantwini abaningi abadinga imishanguzo.” UDkt Dhlomo uthi uMnyango wakhe uhlose nokuthi ezinhlelweni zawo abantu bakuleli baphile isikhathi eside, abesifazane okungenani bafinyelele eminyakeni engaphezulu kwengu-60. UMnyango uzoqhubeka ugxile ekwehliseni ukushona kwezingane ezingaphansi kweminyaka engu-

5, kanye nokushona koMama ngesikhathi bebeletha, kuqhutshekwe nohlelo luka-Phila Mntwana. UMnyango uzophinde uqinise imizamo yawo yezinhlelo zokuthi abantu bezivocavoce behlale bephilile, nokuzosiza kakhulu ukwehlisa izifo ezingathathelani, ezifana nesifo senhliziyo, isifo sohlangothi, umdlavuza, isifo sikashukela kanye nezinye. Okuphezulu eqhulwini eMnyangweni wezeMpilo eminyakeni emihlanu ezayo kuhambisana nokuyisishiya-galolunye okuku-National Development Plan ka-2030. Inhloso ngqangi ye-National Development Plan ukuqinisekisa lokhu

okulandelayo: 1. Iminyaka ezophilwa abesilisa nabesifazane ifinyelele ku-70 yeminyaka nangaphezulu. 2. Ukuvikelwa kwesifo sofuba i-Tuberculosis (TB), ivikelwe iphinde ilashwe ngempumelelo 3. Kuncishiswe ukushona kwezingane kanye noMama abashona bebeletha. 4. Kwehliswe izifo ezingathathelani ngo-28% 5. Kwehliswe ukulimala, izingozi kanye nodlame ngo- 50% esibalweni sango-2010 6. Kube noshintsho ohlelweni lwezeMpilo 7. Kuhlizekwe ngosizo lwezeMpilo ezisezingeni, emindenini nasemiphakathini

8. Kuhlizekwe ngosizo lwezeMpilo ezisezingeni lomhlaba. 9. Kugcwaliswe izikhala ezinga abantu abanamakhono adingekayo nabawaziyo umsebenzi. “Uma zonke lezinhlelo sezisesimeni, siyobe siqinisa ukunikezela ngosizo lwezeMpilo ezisezingeni, sibe sigqogqezela i-National Health Insurance nehambisana ne-National Development Plan ka-2030,” Kuchaza uDkt. Dhlomo.



This Is Your Life  
**Live It**

Access • Equity • Rights Now



# KUQHAKAMBE INJABULO UHULUMENI EKHANYISA UGESI

Ngakho uma namuhla kwenzeka lokhu ngisadla anhlamvana, impela ngithi noma sengingawushiya lomhlaba kodwa sengiyohamba ngijabule ukuthi nina zingane zabantabethu seniyophila impilo engcono

## VERNON MCHUNU

ntomb'endala ewu Ntombikayise Dlamini ayikholwanga ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali ekhanyisa ugesi okokuqala endaweni yase Alpha East ngaphansi kuka Ward 6 kumasipala aBaqulusi kulempelasonto eyedlule. Eminyakeni engu 82 selokhu azalwa ugogo, ubehlale ewuthi "shazi" ugesi uma evakashele esilungwini kanti kamumva nje selokhu iNingizimu Afrika ibe yizwe elikhululekile, ubeseke wezwa kaningana ukuthi ezindaweni ezahlukahlukene esifundazweni abantu abaningi sebepheka baphinde bakhanyise ngogesi. Kodwa ubengazitsheli ukuthi naye uyoke ahlale endlini ekhanya ugesi, aphuze unemenaythi "ohlohlozelayo ngenxa yokubanda" ngokubeka kwakhe, ngoba ubesewaze wakholwa ukuthi kusobala ugesi yinto yabelungu nabantu abazinze emadolobheni kuphela. "Bengithi ngiyaphupha noma ngiyalingwa ngisehlane. Kodwa ngabuye ngakhumbula ukuthi cha Indodana Yomuntu kuphela eyalingwayo ehlane. Kube

sekungicacela ukuthi lento yenzeka ngempela," uchaze kanje ngamafuphi oka Sibalukhulu ngesikhathi enganywe yinjabulo yokuthi nakweloyisemkhulu bakhe useyofika athamunde ezimtoti zokuthi uhambe emhlabeni yena esehlala endlini ekhanya bha ugesi. "Mntanomntanami," kuchaza ugogo oseneminyaka engu 82 ephila, engxoxweni yakhe ekhethekile nalentatheli ngoMgqibelo odlule, "thina sikhule sicokosha izinkuni ukuze kutholakale okokumaya. Besihamba amabanga singamantombazane siyotheza sithwale izinyanda zezinkuni okuzophekwa ngazo. Indaba kagesi bekuyinto esiyigcina esilungwini kulabo abebetohoza. Kanti-ke besizwa ukuthi kunezikomplazi lapho khona nabantu abamnyama nabo bebepheka balayithe ugesi. Kepha phinde lapha emakhaya." "Ngakho uma namuhla kwenzeka lokhu ngisadla anhlamvana, impela ngithi noma sengingawushiya lomhlaba kodwa sengiyohamba ngijabule ukuthi nina zingane zabantabethu seniyophila impilo engcono ukunalobubunzima thina



esakhula ngaphansi kwabo," kuphetha ugogo uDlamini. Enaba ngaloluhlelo, uMhlonishwa uDube-Ncube uthe amakhaya angu 560 asenogesi kusukela manje kulendawo. Uthe isifunda sase Zululand sesisonke sesisezingeni lika 71% mayelana nokufakelwa kwamakhaya ugesi kanti umasipala aBaqulusi wona usezingeni manje lika 73%, nokusho ukuthi isincinyane

ingxeny yabantu abasasilele uma ubheka ngokwamaphesenti, njengoba uhulumeni wesifundazwe ngokubambisana nokazwelonke nomasipala kulokhu kuqhutshekiwe nemisebenzi yokuletha ugesi nasezindaweni zasemakhaya, nokuyizindawo ebezingashaywa ndiva ngesikhathi sobandlululo. "Yize siyisifundazwe sibhekene nenselelo yokuthi isimo sezomnotho silubhojozi okwamanje, kepha siyazama

ukuba simpintshe abantu bakithi sibalethele izidingo-ngqangi ezifana nogesi njengoba senza nje. Phela umyalelo kaMongameli ngowokuba kuthi njengoba imali intuleka nje, thina njengohulumeni bese sinciphisa kwezinye izinto kepha senze konke okusemandleni ukuthi ukulethwa kwezidingo-ngqangi kakuphazamiseki, kodwa kuyaqhubeka," kusho uDube-Ncube.

## UNgqongqoshe wezempilo kwazulu-natal usekugxekile ukuhlaselwa kwabezimo eziphuthumayo enanda

Izisebenzi ezimbili zezimo eziphuthumayo KwaZulu-Natal ziyalulama emakhaya azo emva kokuhlaselwa kanzima zishaywe ziphinde zibanjwe inkunzi, ngesikhathi zizama ukuthola umuzi lapho bekukhona owesifazane obegula kakhulu endaweni yase Nhlanguwane, e-Nanda eNyakatho yeTheku. Izisebenzi ezimbili esineminyaka engu-52, esinye esineminyaka engu-48 ubudala, beziphuthuma owesifazane eneminyaka engu-34 ubudala

okusolakala ukuthi ubenesifo sohudo, ephalaza. Kusolakala ukuthi ngesikhathi zisendleleni ukolanda lo wesifazane, abazibonele zamiswa iqulu labantu. Kweza kuzo amadoda cishe abalelwa kwamahlanu. Kubikwa ukuthi umshayeli we-Ambulance wazama ukubaleka ngesikhathi sesehlakalo. Zombili izisebenzi zabe sezihlaselwa yilamadoda angaziwa ngezinto ezilimazayo zabe sezithola ukulimala.

Omunye walezizisebenzi wathola ukulimala esandleni sobunxele, kanti ukhala ngezinhlungu emzimbeni, kanti omunye yena ukhala ngezinhlungu emzimbeni. Zombili lezizisebenzi zangeniswa esibhedlela sase-Mhlanga zisesimeni esigculisayo, zafika zalashwa maqede zadedelwa. UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt. Sibongiseni Dhlomo, simthukuthelise kakhulu lesi senzo. "Kuyathusa futhi siyacasula lesi senzo esibi kangaka

esenziwe izigilamkhuba ezinganawo unembeza ezisebenzini zethu zezimo eziphuthumayo. "Lesisenzo sikhinyabeza imizamo yethu yokuphuthuma ngokushesha ezigamekweni okusuke kuzanywa ukuthi kuhlengwe impilo kuzona. Lezi zisebenzi zethu zezeMpilo bezizama ukolanda owesifazane ebegula. Azizange zisakwazi ukufika kuyena nasingazi ukuthi ugcine enze njani ebusuku njengoba ebexinwe ukugula nje.

"Isikhathi sokuthi sibambisane njengoMphakathi, nokuthi nje asinayo indawo yezigilamkhuba ezifana nalezi eMphakathini. Lezi zigilamkhuba kumele zivele obala zibhekane nomthetho.. "Angeke sikwazi ukubekezelela isimo lapho izisebenzi zethu zingeke zikwazi ukwenza umsebenzi wazo ngokukhululeka, ukusindisa impilo yabantu abasuke begula, ngaphandle kokusaba ukuthi zingase zihlaselwe, "Kuchaza uDkt. Dhlomo.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



AIDS 2016

## 21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

### *“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”*



ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !



# UMNCINTISWANO WABALIMI BESIFUNDA SO-GU UHLELELWE UKUBA YINKUNDLA YOKULUNGISELELA IMIKLOMELO YABALIMI BESIFAZANE ABANGOSOMABHIZINISI

Yingakho-ke, sesibe nezingxoxo nama – agents avela kwi Durban Fresh Produce Market ukuthi mawafike ezothenga imikhiqizo yamadumbe kumbimbi lwabalimi baseZinqoleni abafana noNosipho.

## BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

**U**Nosipho Ngeleka (58) ungumlimi wesifazane osasafufusa kepha onephupho elikhulu lokungenela umncintiswano wabalimi besifazane abavelele esiFundazweni saKwaZulu Natali obizwa nge Female Entrepreneur Awards (FEA) ngelinye ilanga.

Ngaphambi kokuba afinyelele kulesi sigaba sokuncintisana, lo mlimi waKwaNzimakwe endaweni yaseButhongweni osalima ezingeni lokuzondla yena kanye nomndeni wakhe, akazibekile phansi njengoba eqhubeka nokuzivivinya aphi nde athuthukise ikhono lakhe lokulima ukuze libe ngelihlelekile neliseqophelweni eliphakeme.

Lokhu ukufezekisa ngokungenela umncintiswano obizwa ngo - Ugu District Farmers Garden Competition asekwenze iminyaka emibili ilandelana.

Lomncintiswano wabalimi abasafufusa uhlelwa yi - Food and Nutrition Security (FNS) eyingxenye yophiko lomNyango wokweluleka okunguphiko olwangamele abeluleki bezolimo nokuphathwa kwemfuyo.

Lo mncintiswano uyindlela yokuvundulula uphinde ulungiselele abalimi abafana noNosipho ukuba babe sezingeni elifanele ukuba bangakhethwa wolunye uphiko lomNyango olubizwa nge Youth, Women and Cooperatives Development (YWCD) ukuba bangenele umqhudelwano oseqophelweni eliphezulu esigabeni sesiFundazwe.

Umlimi onqoba kowesiFundazwe ube esebhekana ngqo nabalimi abadle ubhedu abavela kuzo zonke iziFundazwe zaseNingizimu Afrika esigabeni esibizwa nge National Female Entrepreneur Awards lapho kukhethwa khona owesifazane ovelele kwezolimo eMzansi wonke jikelele.

Lomncintiswano wesifundazwe so-Gu uyingenye yamaqhinga

okuhlinzeka ngamakhono okutshala ukudla okwanele nokunomsoco kwizinkulungwane zezakhamuzi zaKwaZulu Natali ezibhekene nenkinga yenkemane.

Ngokubambisana nabaluleki bezolimo abazinze kuma - ward oMasipala basemakhaya, lolu phiko luhlinzeka imbewu yokutshala bese kuthi abeluleki bona bahlinzeke amakhono okulima kubalimi.

Ekupheleni konyaka odlule, ukusebenzisana okuhle phakathi kukaNosipho nomeluleki wakhe wezolimo, uNkk Thabile Kheswa, kukuveze obala ukuthi iphupho likaNosipho lokuncintisana nabesifazane abavelele alisekude ukuba lifezeke njengoba edle umhlanganiso emkhakheni obizwa nge Best Household Farmer kulo mncintiswano wesiFunda.

Ukuzimisela kwakhe kumhlomulise ngamathuluzi okubalwa kuzo ithangi lamanzi lakwa Jojo, amathuluzi okulima, amasaka amane amanyolo ango 50 kg, izimbewu zeklabishi, iziqathi, izipinashi, u-beetroot kanye namasolozu.

UNosipho uthi impumelelo yakhe incike kakhulu ekukhuthaleni, uthando lwakhe lokulima kanye nasekulekelelweni ngumNyango ngokuhlinzeka umeluleki wezolimo ofana noThabile Kheswa.

“Abeluleki basihlelela imihlangano yabalimi nama-farmers day lapho sifunda khona, siphinde sihlangele khona nabanye abalimi esicobelelana nabo ngolwazi ngezindlela zokulima siphinde sigqugquzelane ukuba siqhubeke nokulima,” kusho uNosipho.

Uqhuba wathi abeluleki bayabalekelela ukuba bahlole umhlabathi ukuze bazi ukuthi umhlabathi udinga hlobo luni lukamanyolo nokuyikho okulekelela ukuba sande isivuno.

U-Angeline Mbotho, ongumdidiyeli walo mncintiswano ehhovisi lomNyango ngaphansi



UNosipho Ngeleka (58) waKwaNzimakwe ungumlimi osafufusa usanda kuphuma phambili emkhakheni we Household Gardens kumncintiswano ohlelwe ngumNyango wezoLimo obizwa ngo - Ugu District Farmers Garden Competition. Lomncintiswano uyindlela yomNyango yokuvundulula nokuthuthukisa abalimi abazongenela i-Female Entrepreneur Awards uphinde ube yiqhinga lokuqinisekisa ukuthi imiphakathi inokudla okwanele.

kwesiFunda uGu uthi ngaphambi kokuba bamemezele usuku lomqhundelwano bayabazisa abalimi ngezinhloso zomncintiswano, ukuthi uzoba nini, babagqugquzele ukuba bawungenele baphinde babanike isikhathi esanele sokuthi bazilungiselele ukuncintisana.

UThabile Kheswa yena uthi umsebenzi wakhe njengomeluleki awupheleli nje ekulungiseleleni abalimi ukuba babe sesimeni sokungenela umncintiswano ngokuhlela ama workshops, ama farmers day nokuhlola inhlabathi nokweluleka abalimi kepha udlulela ekuqinisekiseni ukuthi kutholakale izimakethe lapho umkhiqizo uzodayiswa khona.

“Uma usukhona umkhiqizo omuhle ezingadini kudingeka ukuba udayiswe.

Yingakho-ke, sesibe nezingxoxo nama – agents avela kwi Durban Fresh Produce Market ukuthi mawafike ezothenga imikhiqizo yamadumbe kumbimbi lwabalimi baseZinqoleni abafana noNosipho,” kusho uThabile.

“Ukuphumelela kwalolu hlelo kuzokwenza abalimi abafana noNosipho bakwazi ukuqhudela emikhakheni ehlukile kunaleyo ebebeyingenele kulo nyaka,” kusho uThabile.

UThandeka Nkosi oyisekela mphathi wophiko lweFNS uthi Ugu District Farmers Garden Competition iyingxenye yezinhlelo

ezibalulekile zokuhlinzeka ukudla okwanele emakhaya oluqhakanjisiwe ngaphansi kweNqubomgomo entsha yomNyango yokuThuthukisa ezoLimo.

“Ngaphansi kwale ngqubomgomo isiFundazwe saKwaZulu Natali silindeleke ukuthi ngo 2019 sibe sesikhiqiza ukudla emhlabeni ongango 80 000 wamahektha osezindaweni zasemakhaya.

Lo mhlaba uhlanganisa nalowo wezivande zasemakhaya, ezikoleni, emapaki kanye nezivande zemiphakathi ezibhekeke ukuba zidayisele izinhlelo zokudla zasezikoleni, emajele nasezibhedlela,” kusho uNksz Nkosi.



agriculture & rural development  
Department: agriculture & rural development  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



**UMNUZ. CYRIL XABA**  
UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI  
NGOKUBAMBISANA SESENKE ISIFUNDAZWE SAKWAZULU NATALI SABA ESINGCONO UKUPHILA KUSO.



**UKHUKHULELA NGONQO  
WOHLELO LOKUHWABA  
NGEZIMBUZI EMSINGA**

Siphendula uMsinga ube ngumthombo akhiqiza uphinde ulhwebe ngezimbuzi KwaZulu-Natali.



# UHULUMENI UQINISA IZINHLELO ZOKULWA NESOMISO EMBONINI YOMOBA

**Nginifisela ukusebenza okuhle ezinhlelweni enizozibandakanya kuzo futhi siyaqiniseka ukuthi abalimi bakithi bazothola ithuba lokuphefumula ngalolu sizo olwedluliselwa kini namuhla.**

## SIMPHIWE NDWANDWE

**E**sinyathelweni esinjongo yaso ukuthuthukisa abalimi abamnyama abatabalasa emkhakheni wokutshalwa kukamoba KwaZulu-Natali, uHulumeni kazwelonke usufake imali engu-R74 million. UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cyril Xaba umemezele lezi zindaba ngesikhathi kunomcimbi wokucobelelana ngolwazi kanye nokuklanywa kwendlela okuzokwenzeka ngayo uhlelo lokwakhiwa kwama-Agriparks. OkaNonkosi uthe ezingxoxweni ebeziphakathi koMnyango wakhe noMhlonishwa uGugile Nkwinti, ophethe uMnyango wezeMihlaba nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kugcine kuphume igama lokuthi abalimi bazothola uxhaso lwele mali. Okubhekwe ukuthi bahlomule ngento ebhekile kule mali abalimi bakamoba abadonsa kanzima abazinze ezindaweni zomphakathi abagubuzelwe yisomiso

esesibashiye bevithikile ngenxa yokungabi nawo amanzi emasimini. Imali izophathwa yinhlangano esanda kusungulwa okuyi-South African Farmer Development Association enamalungu adinga usizo ngokuphazima kweso. IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sihamba phambili emkhizweni kashukela njengalokhu sikhiqiza okungenani amaphesenti angu-80 kashukela odliwa kuleli, omunye odayiselwa amanye amazwe. Nakulo mcimbi, uNonkosi akazange ahlale phansi ngaphandle kokugcizelela ukuthi uHulumeni usukubeke emahlombe awo ukusiza abalimi abafufusayo embonini kashukela ukuze bangene esigabeni esiphezulu sezohwebo ukuze balingane nozakwabo abazimele. Lokhu uthe kuhambisana nezinhloso zikaNdunankulu wesiFundazwe, uSenzo Mchunu, onentshiseko yokuba kuguquke isimo sokungalingani kulo mkhakha owumgogodla emnothweni wesiFundazwe futhi kunikezwe abalimi bakamoba lonke usizo



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Cyril Xaba ubesanda kusayina isheke elizonikezwa iSouth African Farmers Development Association. Kusuka kwesokunxele uSihlalo wale nhlangano uMnuz Moses Gumede noMnuz Nhlanhla Gumede oyisikhulu esiphezulu sale nhlangano. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU***

olusemandleni kaHulumeni. Nyakenye uMnyango ugixabeze lo mkhakha ngemali engu-R55 million no-R14 million asanda kuwushiya kubalimi basoGwini emizamweni yokudambisa umthelela wesomiso, kanti uma kuhlanganiswa nalena uNkwinti aseyibeke etafuleni kuba

ngu-R74 million uma isihlanganisiwe ingaphezulu kuba-R140 million. Yonke le mizamo kaHulumeni yenza kungangabazeki ukuzibophezela kombuso ekusizeni labo, ngenxa yomlando wezombusazwe nezomnotho, abanqindekile ukuzisisa bona

ezikhathini zobunzima ezibandakanya ukuhlasela kwesomiso. Enkulumweni yakhe ayethule kulo mcimbi, uMhlonishwa uNonkosi, uthe mababongwe abenhlango abalulwe ngenhla ngoba ijoka lokusiza abalimi selibekiwe emahlombe abo. “Nginifisela ukusebenza okuhle ezinhlelweni enizozibandakanya kuzo futhi siyaqiniseka ukuthi abalimi bakithi bazothola ithuba lokuphefumula ngalolu sizo olwedluliselwa kini namuhla,” kusho uXaba. Okusemqoka okumele kugqame njengekati elimhlophe ehlukwini ukuthi uMnyango uzolokhu amehlo uwathe njo ekusebenzeni kwezinhlangano namabhezini abahlomula ngezimali ezishisiwe kuHulumeni ukuze nakanjani kuqinisekise ukuthi abantu baKwaZulu-Natali abayeki ngemfelelo iphindiwe. Kuzophinde kuqinisekise ukuthi lokhu okujongwe nguMnyango noHulumeni wesiFundazwe kwenziwe kuba yimpumelelo.

# Uchonywe olwegwalagwala uxaba efeza isethembiso kubafuyi baseMthekwini

## SIMPHIWE NDWANDWE no LONDIWE NGIDI

Owayekhona eMthekwini eHluhluwe nyakenye ngesikhathi uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Cyril Xaba ephunga ulaka lomphakathi endaweni okwafa kuyo izinkomo ezingu-29 ubengakhaxa umlomo uma ebona abantu sebhlekha kuvela elomhlathi bemxhawula bejabula. Isizathu senjabulo yabo wukuthi ufeze isethembiso ayesenzile sokubakhela izigwedlo zamanzi kanti maduze nje labo abalahlekelwa yimfuyo bangase bathole enye imfuyo esezingeni eliphezulu. UXaba noMnyango wezoLimo bahambe kule ndawo ukuyokwethula lezi zigwedlo zamanzi ngokusemthweni baphinde bethula nethimba labacwaningi laseNyuvesi yase-Fort Hare elizopenya ngezicelo zokubuyiselwa umhlaba njengoba wayethembisile ekuqaleni. Inkosi yesizwe uBonga Mdletshe nayo ibijabulise okwengane ngoKhisimuzi ngesikhathi kuzokwethulwa le misebenzi. Ithe impela kuyajabulisa ukuthi uHulumeni wethembeke kanjena kungakhathaliseki ukuthi izingqinamba ezibe khona zinjani. Ukwehla komoya kubantu kugqame ngisho etendeni lo mcimbi njengoba abalimi

abamhlophe ababesolwa ngokuthi bafaka ushevu edanyini okwaphuza kuzo izinkomo ezafa bebhleli namalungu omphakathi bethamele izinkulumbi zeziphathimandla ndawonye. Kuthe noma sekukhulunywa nabezindaba kwaba yibo abamhlophe nabaseMdletsheni abebebizana ukuze kuyokhulunywa ngazwi linye nabezindaba. Kucace bha ukuthi sekukhunyelwene umlotha futhi kuheleza umoya wokuthula nokuxolelana. Lokhu bekuyisithombe esehlukile njengoba ngonyaka owedlule umphakathi wawuwotha ubomvu kangangokuthi wanqumela abalimi abamhlophe ugwayi katiki wezinsuku eziyisikhombisa ukuthi baqoqe amanikini abo bahambe nokho eyakuchitha lokho Inkosi uMdletshe ngoba ithi kuphambene nomthetho. Imbangela yokuthi kuze kufikwe ekubhekaneni ngeziqu zamahlelo kwaba yisomiso esase sigadle kwazwela emphakathi izinkomo zawo sezidla zize zikapakele emapulazini ngoba zilandela amadlelo aluhlaza namanzi okuphuza. UMhlonishwa uXaba wathatha isinyathelo esiphuthumayo sokuba kulungiswe udaba lokwentuleka kwamanzi ngoba kwakucaca ukuthi



yiyo mbangela enkulu yokubheduka kodungunyane. Izigwedlo zombili zisetshenziswa ngabantu ngisho nasezidingweni zasemakhaya nokuphuza kubuye kuphuze nemfuyo. Imindeni eyikhulu yakuleya ndawo yaseMthekwini iyahlomula kule ntuthuko. Mayelana nethimba eliphenya ngezindaba zokubuyiselwa komhlaba kuthathwe isinqumo sokuthi

lisebenze kule ndawo isikhathi esiyingyanga ezintathu bese lidlulisa umbiko ngelikutholile kwikhomishani ebhekele ukucutshungulwa kwezicelo zemihlaba. Ukufaka izigwedlo kudle uHulumeni u-R500 000. Kunemali elinganiselwa ku-R4.7 million ezobhekana nezinhlelo zokukhuculula usandanezwe nezimila ezindaweni

ezingamaxhaphozi KwaHlabisa bese kugcinwe amanzi kwazise izimila zimunca amanzi ngendlela eyisimanga okunomthelela omkhulu ekutheni izindawo ziphelelwe ngumswakama. Ezinye izigwedlo ezine zizokwenziwa maduze kuleya ndawo ukuze neminye imiphakathi edonsa kanzima ngenxa yesomiso ihlomule.



# UHLELO LWEZIGIDI-GIDI LUZOTHIBA INGCINDEZI YESOMISO

**Loluhlelo, olubizwa nge Lower Tugela Bulk Water Supply Scheme, lubandakanya ukumoma amanzi ngasemulonyeni womfula uThukela, ngenhloso yokuphakela udedangendlale wedamu iHazelmere**

**VERNON MCHUNU**

**A**bantu abayizinkulungwane abakhele imiphakathi yaseMandeni, eNdwedwe, KwaMaphumulo kanye naKwaDukuza, sebezothola ukuphefumula esimweni esimanzonzo sokuntuleka kwamanzi njengoba amanzi keminye yalemiphakathi abesedeze enqanyulwa ukuze isicethe esisasele ngenxa yesomiso sikwazi ukongeka. Lokhu kulandela ukwethulwa kohlelo oludle isamba esingaphezu kuka 1.4 wezigidi-gidi (billions) zamarandi, nokwenzeke ngesikhathi uNgqongqoshe wezamanzi kuzwelonke umhlonishwa uNomvula Monkonyane kanye noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natal umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube bezifikele mathupha endaweni ekusombulukeni kweledlule.

Loluhlelo, olubizwa nge Lower Tugela Bulk Water Supply Scheme, lubandakanya ukumoma amanzi ngasemulonyeni womfula uThukela, ngenhloso yokuba aphakele udedangendlale wedamu iHazelmere Dam, nokuyilona eliphakela lezizingxenye zesifundazwe.

Nokho, uDube-Ncube, uphuthumile ukuba axwayise umphakathi, nawo obuzifikele emcimbini wokwethulwa kohlelo uzozibonela ngo “si” ukuzikhandla kukahulumeni ukunakekela abantu abawukhethile.

“Nakuba loluhlelo luzosiza kakhulu njengoba iHazelmere Dam ibisinamanzi amancane kakhulu angu 20% wezinga ledamu lonke, kepha ngifisa ukuba ngikhuthaze abantu bakithi ukuthi bangalinge bazikhohlise kube sengathi ingozi yesomiso isidlulile. Iqiniso wukuthi izulu alikani ngokwanele.

Lisalokhu likhiza uma ngingabeka kanjalo. Alikayitheli ngendlela yokuthi kwenyuke izinga lamanzi emadanyini, nokuyiwona manzi adingekayo ukuze kuphilwe ngendlela ejwayelekile futhi kusetshenzwe ezimbonini nakwezolimo ngendlela enenzuzo,” kuxwayisa uDube-Ncube.

“Ngakho masiqhubeke siwonge amanzi. Uma singawongi, omasipala kuzophoqeleka ukuba balokhu bewanqamula amanzi ngezikhathi ezithile nokuyinto engemnandi neze kodwa okungelula ukuyibalekela uma kuwukuthi sifuna amanzi elokhu ekhona.”

U-Dube-Ncube ube esesebenzisa lomcimbi ukwazisa labo abebengakakwazi ukuthi uhulumeni kuningi aphezu kwakho ukwelekelela njengoba imvula ingakani ngokwanelisayo nje, ngenhloso yokuba ezolimo zingaphazamiseki, okubandakanya nemfuyo – nokuyizinto

ezingumgogodla womnotho wesifundazwe nezwe lonke lase Ningizimu Afrika.

Uthe abalimi sebelekelelwe ngesamba esingaphezu kuka 600 wezigidi; sekumbiwe iziphehli zamanzi asekujuleni komhlaba (boreholes) ezingaphezu kuka 150, kwabuye kwavuselwa ezindala ebesezingasasebenzi ezingu 85, nokusiza ukuphakela imiphakathi, izibhedlela, imitholampilo kanye nezikole.

Sekunezimoto ezithwala amathangi amanzi ziwahambise emiphakathini, ezicela ekhulwini esezithengiwe.

*UNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natal uNkk Nomusa Dube-Ncube*



ICONSI NECONSI OLIMOSHAYO  
LINGENZA UMEHLUKO EMPHAKATHINI.

# ONGA AMANZI

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSED ON **VISION 2030**





# SELUZOQALA UHLELO LOKWAKHIWA KWAMA-AGRI-PARK KWAZULU-NATAL

**Loluhlelo lwama-Agri-Parks lwasungulwa ngo-2015 kanti lwangena emqulwini oyinkombandlela yokuthuthukiswa komnotho waleli lizwe iNational Development Plan (NDP).**

## BRENDA MQWAMBI

**N**gemuva kwesikhathi eside kuhlelwa ukuthi luzoqala kanjani uhlelo lokwakhiwa kwama-Agriparks, manje uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usukulungele ukulusebenza. UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yasemakhaya uMnuz Cyril Xaba, uveze lokhu engqungqutheleni ebikade ibanjwe ekomkhulu loMnyango eCedara. Lengqungquthela ibihanjelwe Amakhosi, Izimeya, abalimi kanye nezinhlangano ezithintekayo ukuzodingida izindlela eziya phambili ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo luyaqala ukusebenza. Obekuseqhulwini bekuwukuchazela zonke izinhlela ezithintekayo ukuthi uhlelo lwama-Agriparks luzosebenza kanjani nokuthi abantu bazozuza kanjani kuhlangukisa amabhizinisi noMasipala. Loluhlelo lwama-Agri-Parks lwasungulwa ngo-2015 kanti lwangena emqulwini oyinkombandlela yokuthuthukiswa komnotho waleli lizwe iNational



Development Plan (NDP).

Okwaba yiphuzu eligqamile kakhulu kulo Mnyango ngokuqokethwe ngumqulu wudaba lokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya ukuze zibe yizizinda zomnotho walokho okuvela emhlabathini ngengezolimo.

Luhlanganisa ukudidiyelwa kwezikhungo ezenza imisebenzi eyehlukene yezolimo endaweni eyodwa ukuze kuncishiswe izindleko ezehlukene zokuthutha izinto emasimini ziyiswe ezindaweni ezikude lapho

ziguqulwa khona zenziwe imikhiziqo elungele ibhizinisi.

UMengameli Jacob Zuma enkulumweni yakhe wadalula ukuthi kunemali engango-R2 billion ebekelwe ama-Agri-Parks kulabo Masipala abantulayo. Inhloso ukuthuthukisa abalimi abasafufusa kanye nalabo abahlala ezindaweni zamakhosi. UXaba noNgqongqoshe wezoBuyiswa kweMihlaba uMnuz Gugile Nkwinti, bahlaba umkhosi kuzo zonke iziFunda lapho babetshela khona abathintekayo ukuthi baqale

ukusebenzisa lolu hlelo.

Okujabulisa kakhulu ukuthi ama-Agriparks azosabalala yonke indawo KwaZulu-Natali kanti azoba yishumi esewonke.

Oyisikhulu esiphezulu eMnyangweni wezeMihlaba uMnuz Nhlanhla Mndaweni, ethula inkulumbo yakhe uthi: “Lolu hlelo lunezinhlela eziningi akuyona indawo eyodwa kepha lunemilenze emithathu, okukuqala ilapho ekuzokwenzeka khona ezolimo, olwesibili kube yilapho okuzolondolozwa khona impahla

iphinde itakishwe bese iyahanjiswa ebese kuba yilapho okuzoba khona ochwepheshe abazobe behlanganisa abalimi nezimakethe baphinde babalekelele ngokubhalala izinkotileka.”

UXaba uthi lolu hlelo lwama-Agri-Parks luzovululela amathuba amaningi emisebenzi intsha nabesifazane kuhlangukisa nabakhubazekile futhi luqinisekise ukuthi kuba khona ukudla okwanele eNingizimu Afrika nasezwenikazi i-Afrika.

“Okungijabulisa kakhulu ukuthi lolu hlelo luzohlomulisa kakhulu abantu abasezindaweni zamakhosi nokuyibo abaluthola kanzima usizo lukahulumeni ngenxa yezindawo abahlala kuzo, futhi luwuhlelo olubonakalayo ukuthi luzozinza futhi lwakhe umehluko omkhulu ezimpilweni zabalimi basemakhaya,” kusho uMhlonishwa uXaba.

Okuhle ngalolu hlelo ukuthi uhulumeni uzolixhasa iminyaka eyishumi ebhekelela ukuthi luqhuba kahle futhi luyasimama. Abalimi sebezokwazi ukuthatha izinqumo ezizobanelisa ngemikhiziqo yabo.

## Umnyango wezezimali uhlangene nokaNdunankulu baqwashisa abasebenzi ngokukhwabanisa nenkohlakalo

### SIBUSISO MAGWAZA

Umnyango wezeZimali uhlangene nokaNdunankulu kwaZulu-Natal uqale umkhankaso wokufundisa, uqwashise abasebenzi ngokukhwabanisa kanye nenkohlakalo. Ngalomkhankaso kuhlelwe ukubona ukuthi abasebenzi baqonda kangakanani ngenkohlakalo kanye nokukhwabanisa. Lomkhankaso kuhlelwe ukuba wenziwe kubasebenzi bawo wonke amazinga kaHulumeni, ikakhulukazi eHovisi

likaNdunankulu Kanye nasemnyangweni wezeZimali. Ngenxa yokuthi kubalulekile ukuthi bonke abasebenzi babambe iqhaza ekulweni nalesisihlava, lomkhankaso ulethwe emahhovisini lapho abasebenzi betholakala khona.

Imiphumela yalolucwaningo izosetshenziswa ukuqinisa izindlela zokuvimba inkohlakalo futhi kufundiswe ngayo kuyona yomibili leminyango.

Abasebenzi bachelwe ukuthi baphendule imibuzo ehleliwe bese

beyifaka ebhokisini leziphakamiso elizothathwa liyiswe lapho kuzocwaningwa khona. UNdunankulu, uSenzo Mchunu uyaziwa ngemikhankaso yakhe yokulwa nenkohlakalo, lokhu kumbandakanya nemikhankaso efana ne-“I Do Right” eyenziwa yiHovisi lakhe minyaka yonke. Imibuzo ezophendulwa ngabasebenzi kulolucwaningo ihlanganise ezokubusa nenkohlakalo (governance and fraud), ukukwazi ukubona inkohlakalo isaqla (early fraud

detection), ezokuphenya ngenkohlakalo kuze kufike ekuvimbeleni ukuthi inkohlakalo ingenzeki. Kuyaziwa ukuthi inkohlakalo idla imali engabe ihambisa izinsiza kubantu. Lokhu kwenza inkohlakalo ibe yisitha esikhulu sikaHulumeni. Yingakho uHulumeni wakwaZulu-Natal elusukumele loludaba ukuze aqiniseke ukuthi bonke abasebenzi bayaqonda ukuthi inkohlakalo nokukwabanisa kungavinjwa kanjani ukuze kungenzeki. “Usizo lwenu ukulwisana

nalolucwaningo ngenkohlakalo kuyino ebaluleke kakhulu” kusho uSikhumbuzo Sibiya we Internal Control and Risk Management.

Lomkhankaso ubaluleke kakhulu futhi uyakhuthaza ngokuqwashisa abasebenzi futhi ubanikeze nethuba lokuba yinxenye yezixazululo zokulwisana nalesisihlava kuwona wonke amazinga kaHulumeni.

Lolucwaningo lungaba esinye sezisombululo ekubuyiseni isithunzi nethemba kubasebenzi bakaHulumeni wesiFundazwe.

# I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE - **0800 596 596**

**KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!**



MR EDWARD SENZO MCHUNU  
KWAZULU-NATAL PREMIER



# UMABUYAKHULU NESEXWAYISO NGOMTHELELA WESOMISO KWEZOMNOTHO

Yize izulu like lathi ukuyidedela ezingxenyeni ezithile zezwe kulamasonto ambalwa edlule, kepha izingqapheli zithi le mvula kayanele ukuthi sekungathiwa sekuyabonakala ukukhanya

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ukuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMichael Mabuyakhulu uthi isomiso esidla lubi ezweni lonke sesiholele ekutheni intengo yokudla ezitolo inyuke ngendlela eyisimanga. Izwe laseNingizimu Afrika libhekene nesomiso esinzima esagcina ukuba khona cishe eminyakeni engamashumi amabili edlule kanti izinkampani ezinkulu ezikhiqiza ukudla zithi ngenxa yaso isomiso zibhekene nengwadla yokulahlekelwa enkulu inzuzo. Uthe ukwenqaba nemvula kwezulu kusho ukuthi nomhlabathi emasimini awuzokhiqiza isivuno esanele kumbe esihle. UMabuyakhulu uthe ngakwezomnotho intengo

yezimpahla ezimakethe ilawulwa ukuthi lezo zimpahla zidingeka kangakanani. “Lokhu kusho ukuthi uma kunesidingo esikhulu sento ethile iyaye inyuke intengo yayo. Uthe ukwatapeya wenyuke ngendlela eyisimanga kwezinye izitolo ngenxa yokuthi usesidingweni kepha awumningi kangakho ezweni kanti ezinye izinto eziholele ekuswelekeni kwawo yizo izimo zesomiso,” usho kanje. Phakathi kwezinto ezinyuke kakhulu ezweni kungabalwa nentengo yenyama nayo emba eqolo ngenxa yaso isomiso kanjalo nokudla okutshalwayo. Lokhu kufakazelwa nawumbiko othulwe ephalamende ngonyaka odlule uMnyango kaZwelonke wezoLimo, otshengisa ukuthi

isivuno sombila nonyaka sizoba u-1.323 million tons kuphela uma siqhathaniswa no-2.074 million tons wonyaka odlule ngesikhathi esifanayo. UMabuyakhulu uthi lokhu kuyizinkomba zokuthi nempela ukwehla kwesivuno emasimini kuhlobene nokwenyuka kokudla ezitolo kwazise phela nabakhiqizi basuke befuna ukwenza inzuzo kulokho abasuke bekukhiqizile, yize kungekuninigi. Yize izulu like lathi ukuyidedela ezingxenyeni ezithile zezwe kulamasonto ambalwa edlule, kepha izingqapheli zithi le mvula kayanele ukuthi sekungathiwa sekuyabonakala ukukhanya nokusho ukuthi isizwe asikaphumi enkingeni yesomiso. UNgqongqoshe ube esexwayisa abathengi ukuthi babhekisise uma

bethenga futhi baqhathanise izindawo abathenga kuzo ukuze babheke ukuthi angeke yini bakuthola lokho abasuke bekufuna ngentengo engconywa kwezinye izindawo. “Ngaleyondlela besiyothi kubathengi akukho okwedlula ukuthi sithenge ngokuqaphela, futhi sithenge lokho esikudingayo ngempela kwazise uma nje izulu lisaqhubeka nokwenqaba nemvula ukudla kusazoqhubeka nakho ukumba eqolo,” kusho uMabuyakhulu ephetha.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ukuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMichael Mabuyakhulu



## UMnyango wezamandla usuqalile ukusiza izinkulisa ukonga imali yokukhokhela ugesi

SIMPHIWE MKHIZE NO MTHOBISI MBANJWA

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uselwamukele ngezandla ezimhlophe ithuba lokuqinisa ubudlelwano noMnyango osezingeni likaZwelonke wezaMandla (Department of Energy) ukuze izinkulisa zikwazi ukonga imali zingakhokheli izindleko zikagesi. Lokhu kulandela umbiko onohlonze owenziwe yiMenenja yaloMnyango, uMnumzane David Mahuma, ophethe uhlaka olwaziwa nge-South African National Energy Development Institute (SANEDI). Inhloso enkulu ye-SANEDI ukulekelela imiphakathi yaleli lizwe ukuthi yehlise izindleko zokusebenzisa ugesi emakhaya kanye nasezindaweni ezisebenzela umphakathi njengezinkulisa. UNgqongqoshe uThusi ukujabulele ukuzwa ukuthi uMnyango wezaMandla usuhambe ibanga elide ekulekeleni imiphakathi ukuba ingakukhokheli kakhulu ukusebenzisa ugesi uma kuphekwa noma kushiswa amanzi kanye nokufudumeza indawo ehlala abantu. UMnumzane Mahuma uthe: “Njengesakhiwo soMnyango wezaMandla, sacelwa i-National Development Agency (NDA), ngonyaka odlule ukuba siqale ukusebenzisana nezinkulisa ukuba zihlomule ohlelweni loMnyango

wezaMandla ukuze zikwazi ukwehlisa izindleko zika gesi, ikakhulukazi ezinkulisa ezisezindaweni lapho isimo sezimali singesihle khona. “Sabe sesithatha izinkulisa ezimbalwa lapho sesiluqalile uhlelo lokonga ukusetshenziswa kukagesi njengoba umba eqolo nje. “I-NDA yasinika izinkulisa esisebenzisana nazo zaba mbili okwaba iSigcawu Creche ekwaXimba, kanye neMasisizane Creche ekwaMaphumulo, kanti ziyisishiyagalombili izinkulisa esisebenza nazo sezizonke kuzwelonke. “Lezi zindawo zakhethwa ngoba zisendaweni yasemakhaya lapho ubuphofu bubukhulu khona njengoba vele kuyinhloso yalolu hlelo ukungenelela emiphakathini entulayo,” kusho uMnumzane Mahuma. Uthe ngokubambisana neziFundazwe sebekuphawulile ukuthi izinkulisa eziningi zisebenza ngaphandle kwezidingo ezifana namanzi, ugesi kanye nezindawo zokuzikhulula noma zangasese. Kuzwelonke zilinganiselwa kumaphesenti ayisishiyagalombili izinkulisa ezingenakho lokhu. Uthe ugesi bawonga ngokuba kuthathwe izihlahla ezingadingeki ekungezokufika kanye namahlathi angenalo usizo, zishiswe zenziwe amalahle. Lamalahle aye esebaswa endaweni eyakhelwe

ukukhiqiza amandla kagesi ukuze kushiswe amanzi, kuphekwe noma kwenziwe indawo ifudumale uma kumakhaza. Lolu hlelo lufakela nama-solar passive design, okuyindlela yesimanje yokuthatha amandla elanga enziwe ugesi. Okunye okwenziwa yilolu hlelo ukwakha uphahla olupholile ukuze ukushisa kwelanga kungangeni kakhulu endlini noma ngaphakathi esakhiweni somphakathi abantu noma izingane zikwazi ukuba kusona zingashiselwa kakhulu uma ilanga liphume kakhulu. Ezinye zezindlela zokuthola amandla kagesi yaziwa ngokuthi i-bioenergy (biogas) lapho kuthathwa udoti osuka komasipala, kusetshenziswe umoya ovunguzayo, noma amanzi agijima emifuleni, ukuba kukhiqizwe ugesi otholakala ngenani eliphansi. Lezi zinhlelo zokwakha amandla kagesi ziyasiza ekwakheni amathuba emisebenzi entsheni, abesifazane kanye nabantu abakhubazekile.



Indle yezinkomo ingenye yezindlela ezishibhile zokusiza izinkulisa ukuba zithole amandla kagesi mahhala ngokulekelelwa uMnyango wezaMandla, ngokubambisana nesakhiwo soMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi i-National Development Agency (NDA). Umphathi wenkulisa yakwaMaphumulo, iMasisizane, eyakhiwe yi-NDA, uNkosikazi Mamo Ngubane, kanye nowengamele izinkulisa endaweni yakwaMaphumulo, ngaphansi kukaMasipala wesiFundazwe lIembe, bekhombisa ngendawo yokuphehla i-gas ukuze kongeke ugesi osetshenziswa izinkulisa ezisezindaweni zasemakhaya. **Isithombe: MTHOBISI MBANJWA**





Bekuwusuku olugcwele inkumbulo eBergville ngenkathi UNdunankulu wakwaZulu-Natal UMnu Senzo Mchunu kanye Nongqongqoshe wezolimo uMnu Cyril Xaba nemindeneyalahlekelwa amalunga awo ngesikhathi kwembulwa amatshe esikhumbuzo. **Isithombe: YOLANDA ZONDI**

# UNDUNANKULU WEMBULE AMATSHE ESIKHUMBUSO EZISULU ZODLAME E-BERGVILLE

■ Usizi luyabuya njalo uma ukhuluma ngalaba bafowethu nodade ngenxa yokuthi abantu ongeke uphinde ubabone futhi ngeke isizwe sibakhohlwe” kuqhuba UNdunankulu.

## CUTHBET NZUZA

Uphiko olusingethe amagugu esizwe e-Hhovisini likaNdunankulu umnu. Senzo Mchunu, lenze isikhumbuzo sokwembulwa kwamatshe ezisulu zodlame e-Bergville (eWoodford Sports field). Udlame lwaluphakathi kwamaqembu amabili ezombusazwe; IFP kanye ne ANC. Abantu abayishuminanhlano balahlekelwa izimpilo zabo ngalesosikhathi sodlame bahlukana nezihlobo zabo. Imindeniyalabo bantu yaphucwa ilungelo lokufihla izihlobo endaweni yalapho bezalwakhona ngenxa yokuthi indawo yayibuswa iqembu le-IFP. Isimo sasishubile ngempela ngangokuthi loludlame lwaqala mhlaziwu 20 June 1993 kuvulwa isiyingi seANC okokuqala eMangwaneni (Bergville). Loludlame lwaqhubeka luthatha izimpilo zabantu lwaze lwaphela mhlaziwu 27 February 1994. Uphiko olusingethe amagugu esizwe e-Hhovisini likaNdunankulu wakwaZulu-Natal lwenza uhlelo lokuthi lusize imindeniyezisulu zodlame ukuthi amathambo abantu abuyiselwe emindenini yawo eWoodford. Umsebenzi waloluphiko ukuthi luvuselele ukuthula nenhlalohle emphakathini kanye nokugcinwa kwamagugu esizwe. Luyaye lusize futhi kulabo abahlukunyezwa isimo

sobandlululo. Ethula inkulumbo yakhe uNdunankulu wakwaZulu-Natali ubonge imeya yoThukela umama uDudu Mazibuko ngenkulumbo yakhe yokubuyisana kanye neNkosi yakwaHlongwane. Uphawulile ngosuku umhlaka 20 June 1993 ukuthi usuku ulungeze lwakhohlakala ezimpilweni zabantu bakulendawo, imindenikanye nesiFundazwe. Ube esenikeza isithombe sokuthi emva kokuthi ngo 1990 i-ANC yavulwa umlomo uHulumeni wamabhunu owawuphethe kwaba sekubanohlelo lokuthi ANC iqale igqugquzele ukuvuselala abantu bajoyine lenhlangano futhi yakhe izakhiwo. Eqhuba inkulumbo uphindile wanikeza isithombe sokuthi kwenzekani ngalolusuku. Lokhu ukwenza ngesimo sokuthi umphakathi kanye nezingane zazi umlando futhi wazi ukuthi lelizwe liphumaphi futhi liyaphi. UMacingwane ubeke isithombe sokuthi umzabalazo ngalesosikhathi wawusaqhubeka owawulwa nobandlululo kodwa yize kulendawo kwafika abantu abazobulala bedubula futhi bengazi ukuthi badubulabani, beshaya kwasani. futhi. Inhloso yakho ukudubula kwaku wukubulala uKhongolose. Ubeke enye futhi into eyathusa isizwe ngaphambi kwalokho lapho kwabulawa khona umholi SACP ubaba Chris Hani ebulawa insizwa

yasePoland uYanuz Walus. Into eyethusa abantu baseMangwaneni ukuthi laba ababa izisulu zodlame akukaze kuboshwe muntu ngalesisigameko, futhi akukholakali ukuthi likhona idokodo elivuliwe ngalamacala. UMacingwane ucele umphakathi ukuthi ubuyisane yize kungakaze kuboshwe muntu. Wacela ukuthi bekungakuhle ukuthi labo abenza lokho yize singeke senzalutho kodwa bekowapholisa amanxeba emndenini uma kuvela abantu abangathi sasingaqondile futhi singazi senzani bezivumela ngokwabo. Thina njengoba sakha senza izinhlelo zokubuyisana singathi Nkulunkulu bathethelele ngoba abakwazi ababekwenza. Lokhu kungenza luvalwe udaba kahle nesizwe sivale amanxeba kahle. Umbono kaNdunankulu akuwona owokuvula amanxeba nokuthi abantu bathole indlela yokuziphindiselela, umbono okahle hayi ngokulwa. Futhi lenkonzo isingathwe nakahle omama bebhantshi kanti wonke umuntu namuhla izinhliziyozimhlophe okusele ukuthi senze ubulungiswa. Ucele ubaba uMhlambisi ophethe lesisiyngi ukuthi bonke abantu abalahlekelwa abahlanganise, balekelelwe ngokuthi basizwe kufezeke ubulungiswa ngokuthola izeluleko zomthetho ukuvala lendaba ngoba icala lavulwa

alikaze livalwe. Ukuvulwa kwalamatshe esikhumbuzo kuchazwe uMacingwane kubantu abebubuthene ukuthi itshe ngetshe liqoshiwe igama ngegama futhi linamathambo ezihlobo zethu nokuthi kube sekwenziwa nelikhulu ilitshe (monument) elinamagama abobonke abantu abalele kulendawo. Lesisikhumbuzo senzelve ukuthi kuhlale kwazeka ukuthi lababantu abalele laphaya babulawa ngesihluku imindeniyabo, inhlangano, uhulumeni kanye nesizwe sonke yingakho sohlale sibakhumbula ngasosonke isikhathi. Lesisikhumbuzo senzelve ukuthi abantu bazi futhi kungabibikho umuntu oyophinda enze lesisenzo. Akudingi ukuthi abafowethu nodadewethu abalele laphaya bakhohlakale. Njalo uma kuwumhla ka 20 June kufika umcabango wokuthi kwasekusele isikhathi esingaphansi konyaka ukuthi izwe laseNingizimu Africa ikhululeke ngoba mhlaka 27 April 1994. “Sasinethemba lokuthi siyongena nabo kwinkululeko yezwe lethu kodwa akwenzekanga okuyinto engemnandi futhi engasiphethe kahle” kusho UNdunankulu. Yingakho kusetshenziswe imali yabakhokhi bentela ukwenza lomsebenzi wesizwe ukuze kuqopheke lomlando ukuze ubeyisikhumbuzo sangunaphakade.

Kubantu abayizihlobo, omakhelwane basendaweni isizwe sonke intsha eyakhele lendawo uma ufuna ukwazi ukuthi umzabalazo usidlulise kuphi kufuna niye laphaya ngokuhlonipha. Ningayi ningakhulumile nezihlobo zalaba ngoba leyandawo ibiyiwe ingcwele. Akuyona indawo yokudlala leya ngoba indawo yesikhumbuzo esijulile futhi esisihloniphayo yingakho uhulumeni ebiyile. Ukhuthaze imindenikuba iwanakekele ngokuthi uma sekunokhula balususe uma elimala bawavuselele bangalindi uHulumeni. Umunyu lubuye wavuka ngesikhathi kwembulwa lamatshe ngenxa yenkumbulo yezihlobo okube yingxenyeyokuvalalisa lezizihlobo kusukela ngo 1993 kuze kube manje ngoba alibanga bikho ithuba lokuvalalisa kulezizihlobo. “Usizi luyabuya njalo uma ukhuluma ngalaba bafowethu nodade ngenxa yokuthi abantu ongeke uphinde ubabone futhi ngeke isizwe sibakhohlwe” kuqhuba UNdunankulu. Ube esekhumbuzabantu abebethamele lomgubho ukuthi kwesinye sezigodi salendawo kwahlala kwakhulela umongameli we ANC ubaba Josiah Gumede owaba umongameli we ANC ngonyaka ka 1927-1930.



# INCAZELO NGOKUMISWA KWABASEBENZI ABANGU 35 EMPANGENI

“Lokhu kuyasihlaza njengoMnyango, kodwa engeke kusivimbe ukubasiqhubeke nomsebenzi okumele siwenze,” kuchaza uNkosazana Khanyile.

Inhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosazana Nokuthula Khanyile, uchaze kabanzi ngezinto eziningi esezivelile njengoba sekuqale uphenyo ngenkohlakalo ekukhokhelweni kwezingane ezingenabani. Ekhuluma nezintatheli, uthe: “SinguMnyango, sibone kubalulekile ukuba sinibize sininike ulwazi ngalokhu okwenzekayo bukhoma, ngoba siyathola ukuthi kunemizamo yokudlulisa okungekho kwabezindaba ukuze bazwelane futhi bathole ukuvikelwa abathintekayo kuloluphenyo ngomkhonyovu okhona othinta ukukhokhwa kwezimali zesibonelelo sezingane ezingenabani (ama-foster care grant).

Ngomhlaka7 ku Mashi 2016, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi kulesisiFundazwe saKwaZuluNatal, uvale okwesikhashana ihhovisi laseLower Umfolozi, eMpangeni, ngaphansi kukaMasipala wesiFunda Uthungulu, lapho kumiswe abasebenzi abangu 35, okuhlanganisa oSonhlalakahle, izisebenzi ezibhekene nokuthuthukiswa komphakathi (Community Development Workers), kanye nomabhalane (administration section), kuhlangene neBamba likaMenenja waleli Hhovisi.

Ukuya kukaNgqongqoshe kuleliyahhovisi kwakubangelwa ukuthi kwase kuvele izikhalo eziningi mayelana nokungaboni ngaso linye phakathi kukaMenenja oyiBamba nabasebenzi.

UMnyango ukholwaukuthi kumayelana nenkohlakalo eyenzekayo ekukhishweni kwezibonelelo zezintandane nezingane ezingakutholi ukunakekelwa.

Isinqumo esiwunqamulajuqu sikaNgqongqoshe sokuba avale ihhovisi okwesikhashana senziwa ngenxa yokuthi



Inhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosazana Nokuthula Khanyile (ophakathi ngendawo) ngesikhathi ekhuluma nabezindaba. Anabo uMqondisi oMkhulu wakwaHuman Resources, uDokotela Mxolisi Ngxongo neBamba lePhini likaMondisi Jikelele, uMnumzane Wilton Magwaza. **Isithombe: MTHOBISI MBANJWA**

kwatholakala ukuthi imali engango-R19 million ngonyaka ye-foster care grant akutholakali ukuthi isebenze kanjani. Lemali kumele itholwe yizintandane kanye nezingane ezingenabo ababheki, ngokulawulwa yi Children's Act 38 ka 2005. ibixhashazwa ngendlela engekho emthethweni.

Ngo Mashi 3 kwephezulu kwaba khona idlanzana labantu ababalelwa kwabangamashumi amabili nantathu, abangaamalunga omphakathi, abangena ngenkani emahhovisi aloMnyango, befuna ukubona uMenenja waleli hhovisi. Baphula umnyango owawukhiyiwe wehhovisi lika menenja, baphula ikhompyutha yakhe, babuye badicilela phansi okwakuphezu kwetafula lakhe.

Ngo2008, owayayiMenenja yalelihhovisi wadutshulwa wafa kuleli hhovisi.

Nangonyaka odlule lezi zisebenzi zezenhlalakahle zehluleka ukubambisana

neKomidi elaqokwa uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi kuZwelonke, uNkosazane Bathabile Dlamini, ukuba libhekane nezinsalelo ezenza ukuba izingane zingazitholi izibonelelo zazo, okuyinsalelo ekhona lonke ilizwe. UNgqongqoshe uThusi wathatha isinqumo sokuthi alivale lelihhovisi ngoba ukusebenza kwaleli hhovisi sekumile, futhi lingasakwenzi okumele likwenze ngendlela okumele likwenze ngayo. Wabe eseba nomhlangano nabathintekayo, okuhlanganisa abahlomulayo kulemali yalezizibonelelo, la abanika isiqinisekiso sokuthi izidingo zabo zisazoqhubeka nokubhekelelwa nakuba leli hhovisi selivaliwe okwesikhashana.

Waphinde wahlangana futhi nabamele abasebenzi kanye nabamele eminye imiNyango kahulumeni, ukuchaza ngesizathu sokuvala leli hhovisi okwesikhashana ngenkathi kusekhona uphenyo

oluqhubekayo.

“UNgqongqoshe ube eseqoka ikomidi elinabantu abayisithupha ukuphenya lokhu okulandelayo: umkhonyovu okukholakala ukuthi uyenzeka kuleli hhovisi, ukuhlukunyezwa kwabasebenzi, okubikwa abasebenzi abathile, umbhikisho ongekho emthethweni owenzeka ngo February 22, 2016, ukungafuni kwezisebenzi zaleli hhovisi ukukhipha imibiko ngokusebenza kwabo ngenyanga ka-February 2016 kanye nokungahambisani nokushiwo yi-Council for Social Services Professionals

UMnyango usucele oSonhlalakahle abasebenza emahhovisi awo angomakhelwane naleli hhovisi eliphenywayo, ukuba balekelele ekutholeni lezi zingane ezingu-1 376 ukuthi zikhona yini, ngokusebenzisana nezikole, izinkantolo ezigunyaza ukuhlomula kwazo, kanye nokukwazi ukuvuselela lezo ezifanelekile futhi kukhishwe

nokudla ngaphansi kohlelo lwalo Mnyango olwaziwa nge-Social Relief of Distress emindenini ethintekayo.

Kulezi zinsuku eziyisikhombisa lolu phenyo luqalile, sekuqalile ukuvela izinkomba zokuthi kunezingane ezingekho, eziyizipoki ezihlomulayo, kanye nabazali abasaphila abaholela izingane zabo bebe besebenza.

Zikhona ezinye izindawo futhi uMnyango oziphenyayo ezinezinkinga ezifanayo la kunezinsolo zokuthi abasebenzi abathile balo Mnyango bayazitamuzela imali okufanele iye kwabantulayo, okuyinto engahambisani nesifungo sabo njengoba bentshontshela abahluphekayo nje.

Lokhu kuyasihlaza njengoMnyango, kodwa engeke kusivimbe ukubasiqhubeke nomsebenzi okumele siwenze,” kuchaza uNkosazana Khanyile.



## Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE  
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

**This Is Your Life Live It**  
Access • Equity • Rights • Now





# OWEZOKUTHUTHA UHLANGANISA IZIGCAWU ZAMASU OKULWA NEZINGOZI ZOMGWAQO

**Siyajabula ukuthi izinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha njengo-SANTACO zinemikhankaso yazo njengo 'Hlokomela' nazo eziwusebenzisa emizamweni yokwehlisa izinga lezingozi.**

**SIBONELO MCHUNU no THABO MAILE**

**U**Mnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuzibandakanye noMnyango kazwelonke ekuqhubeni uhlelo lokubonisana nezinhlaka ezahlukenengenhloso yokwakha iNational Road Safety Strategy okuyisilo kwehlisa izingozi ngo-50% ngaphambi konyaka ka-2020.

Uphiko lwezokuThutha iRoad Traffic Management Corporation (RTMC) noMnyango wesifundazwe basanda kuhlanyanisa esithangamini sokubonisana eRoyal Showgrounds eMgungundlovu.

Phakathi kwabebeyingxenyeyalesi sigcawu bekuhlanganisa abamele uhulumeni wasekhaya, izinhlangano zabasebenzi, iminyango okungowezeMpilo nowezeMfundo, osozimboni abazimele, amaphoyisa e-SAPS, izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni nabamabandla ezenkolo.

Ekhuluma kulo mhlango noMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uthe iqhaza leKwaZulu-Natal libaluleke kakhulu ekwakhiweni kwalolu hlaka njengoba kuyisifundazwe esingasesibili ubukhulu futhi sinezindawo eziningi zasemakhaya.

"Imikhankaso yethu esinayo lapha esifundazweni efana no 'Operation Valingozi' ingeminye yemikhankaso esiyisebenzisayo thina njengoMnyango ukushumayela ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

"Siyajabula nokho ukuthi izinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha njengo-SANTACO zinemikhankaso yazo njengo 'Hlokomela' nazo eziwusebenzisa emizamweni yokwehlisa izinga lezingozi. Lokhu sikushayela elikhulu ihlombe futhi sinxenxa nezinkampani ezizimele ukuba nazo zibambe iqhaza zibe yingxenyeyomshikashika

wokunciphisa izingozi zomgwaqo, nokungalekelela kakhulu ekufukuleni umnotho wakuleli," kusho uMchunu.

INingizimu Afrika yazibophezela eminyakeni emihlanu eyedlule ukuba ibe ingxenyeye-United Nations emizamweni yokunciphisa izingozi zomgwaqo zize zifinyelele kumaphesenti angamashumi amahlanu (50%) ngonyaka ka-2020.

Njengoba sekusele iminyaka emine ngaphambi konyaka ka-2020, iNingizimu Afrika izama ngayo yonke indlela ukuqhuba umkhankaso wokugcina lesi sibophezelo eyasenza ne-United Nations.

UMchunu uphinde wagcizelela ukuthi ukuphumelela kwamasu okulwa nezingozi kuncike ekubeni gotho nasekusebenzeni ngokuzinikela kwamaphoyisa omgwaqo.

"Amaphoyisa omgwaqo iwona ayihlo lethu emphakathini ukuqinisekisa ukuthi abantu benza



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu neMeya kaMasipala wasoKhalamba uKhansela Thulani Sibeko ngenkathi behambele isigcawu sokubonisana ngamasu ezokuphepha emgwaqeni.

**Isithombe: SBU ZUNGU**

okuyikho emgwaqeni, ngakho-ke asilindele ukuthi sithole imibiko yokuthi yiwo kanye futhi abuye aphula umthetho. Siyanxusa nemiphakathi ukuba ingazihlanganisi nezenzo zokulutha

amaphoyisa ziawfumbathise ngoba lokhu kubulala isithunzi samaphoyisa bese kubeka nezimpilo zabantu abamsulwa engcupheni," kuphetha uMchunu.

# UScott no-ABSA badingida isabelomali sesiFundazwe nabezamabhizinisi eThekwini

**SIBONELO MSONI**

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkz. Belinda Scott, kanye neBhange lakwa-ABSA banxuse ukuthi kuqiniseke ubambiswano phakathi kukahulumeni nabezamabhizinisi ukuze kufukulwa umnotho wesifundazwe.

Ekhuluma nosomabhizinisi emcimbini wokucubungula isabelomali sesifundazwe e-International Convention Centre kulelisono, uScott uthe kunesidingo esikhulu sokuthi uhulumeni kanye nosomabhizinisi basebenze ndawonye uma kwabiwa izimali zokuhlizeka intuthuko emphakathini ukuze kufukulwe nomnotho wesifundazwe.

Lo mbono wamkelwe nguMnuz. Andre Kipela we-Growth Coalition naye obeyingxenyeyalo mcimbi. Uthe iKwaZulu-Natal idinga ukuthi uhulumeni nabezamabhizinisi

basebenze benombono owodwa wokufukula umnotho wesifundazwe.

"Uma sisebenzisana njengoba nezwe lase-China lenza, nginesiqiniseko sokuthi sizowufukula umnotho walesi sifundazwe" kuqhubeka u-Andre Kipela. Omunye usomabhizinisi, uMnuz. Don Govender uthe, "thina njengabosomabhizinisi, sidinga ukuthi sibe nalezi zingxoxo zokusebenzisana ukufukula umnotho wesifundazwe kanye nowezwe ngaphambili kokuba kuze kuphuthulwe isabelomali ukuze sikwazi ukubamba iqhaza elibalulekile lokuphonsa esivivaneni ngamasu okufukula umnotho KwaZulu-Natal. UNGq. Scott uphawule ngokubaluleka kokuthi uhulumeni axoxisane nabezamabhizinisi uma isimo somnotho simi kanje. "Isimo somnotho sinzima kanti kumele

sithathe izinqumo ezinzima.

Njengamanje sibhekene nalezi zinselelo: okokuqala, izikweletu eziya ngokwenyuka; sikhokha imali eyevile kwesinayo, kanti imali ekhokhelwa abasebenzi bakahulumeni ikhula minyaka yonke; kufanele sikwazi ukubhekana nalokhu ngokuthi siqambe amasu azosisiza ukubhekana nalesi simo," kusho uNgqongqoshe. Uqhube wathi uMengameli, uNgqongqoshe wezeziMali kuZwelonke, uNdunankulu kanjalo naye njengoNgqongqoshe wezeziMali esiFundazweni basebenza ngokubambisana kulolu daba.

Ekhulumela iBhange lakwa-Absa, uMnuz. Dante Mashile, uthe isabelomali sibeke eqhulwini ukuhlizekwa kwezempilo kanye nezemfundo kanjalo lokhu kubonakala ngokuhlizekwa kwemali kuleyo minyango.



INhloko yoPhiko lokuBhanga kwemiNyango kaHulumeni kwa-ABSA, uMnuz. Sithembiso Cele kanye noNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkz. Belinda Scott emva kukuxoxisana nosomabhizinisi esifundazweni ngesabelomali sesifundazwe emcimbini oubanjelwe eThekwini. **Isithombe: SIBONELO MSONI**

"Lesi sabelomali silandela imigomo yoMthethosisekelo ngesifundazwe.

Senza isisekelo esiqinile sokubambisana phakathi kukahulumeni, abasebenzi kanye nabezamabhizinisi ukuze

kufezekiswe izinjongo zeKwaZulu-Natal. "Lesi yisabelomali esihle esenziwe ngaphansi kwesimo sezomnotho esinzima ezweni nasemhlabeni jikelele," kuchaza uMashile



MS NELISWA PEGGY NKONYENI, M.P.L. KZN MEC FOR EDUCATION





Lapha ungqongqoshe wezoLimo uthathwe ehambisana ne Mayor yakwaMasipala eMshwathi uCllr Maphindi Mbele, usomlomo waseMshwathi uCllr Nonhlanhla Msomi kanye nabasebenzi boMnyango. Bathathwe lapha behambele indawo yakwaSwayimane Potato Washer and Communal Estate Project.

# ABALIMI BAKWASWAYIMANE BAWUTHAKASELE UMBONO WEBHIZINISI KWEZOLIMO

Njengalokhu indawo yaseMshwathi iyinhle sengathi yabusiwa ezulwini uNonkosi uthe kumele lokhu kuwuhlomulise umphakathi.

XOLISWA MNGUNI no SIMPHIWE NDWANDWE

Njengoba imiphakathi yaKwaZulu-Natali isikhombisa ukuwemukela ngenhliziyo emhlophe umbono woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya wokuba ezolimo zibe yibhizinisi elivutha uphondo, uNgqongqoshe walo Mnyango uMhlonishwa uCyril Xaba akazimisele ngokuphoxa. Lokhu kubonakela muva nje ngesikhathi yena neziphathimandla zoMnyango amabombo bewabhekisa kwelasemshwathi Kwaswayimane lapho bebeyohlola amapulazi omphakathi okuhlelwe ukuba asetshenziselwe izinhlelo ezinkulu zebhizinisi lezolimo. Izakhamizi zakule ndawo zinesifiso sokulima amazambane

nokufuya izinkomo zenyama. Ngesikhathi uNonkosi ebona udedangendlale wepulazi lomphakathi kuvuke usinga olubaselwa wugqozo analo ngebhizinisi lezolimo. Uthe le ndawo kumele ibe yisizinda esikhulu sezolimo ikakhulukazi lapho kuzokhiqizwa khona amazambe ngobuningi kuphinde kufuywe izinkomo ezinhle ezilungele ukungena embonini yenyama ebomvu. Njengalokhu indawo yaseMshwathi iyinhle sengathi yabusiwa ezulwini uNonkosi uthe kumele lokhu kuwuhlomulise umphakathi. Uthe izakhamizi zakule ndawo zingafuya izinkomo zobisi njengoba le ndawo iswakeme futhi kukhiqizwe amathani amaningi

obisi olungadayiswa ezimakethe zakuleli nakwamanye amazwe. Induna yendawo yakule ndawo ithe izakhamizi zikulungele kakade ukuba zizibandakanyeke emisebenzini ezoyisa isiFundazwe saKwazulu-Natali phambili. Kube nehloko ngesikhathi itshela uMhlonishwa uXaba ukuthi abafuyi bazimisele ngokuzichitha izinkomo abanazo ukuze bathenge uhlobo lwezinkomo ezizokwenza bangene ebhizinisini. Ukushayele ihlombe uXaba lokhu wayesethi uMnyango uzohlale ukuletha izinkunzi ezizojijisa inzalo yezinkomo zomphakathi ukuze iguquke ibe negazi lezinkomo zenyama zona ezishaya imali ephuzulu ezindalini. Umhlaba ongamahektha angu-50 usukulungele ukuba

usetshenziselwe ukutshalwa kwamazambane. Esikhathini esizayo uthe le ndawo isethubeni lokuba yandiswe ibe ngamahektha angu-600 nangaphezulu. Esikhathini esiphambili amalungu omphakathi abetshala ummbila kodwa muva nje asezinhlelweni zokuba aqale ukutshala amazambane njengalokhu kakade kukhona indawo yokuwahlala nomshini wokuwawasha. Ngesikhathi ehambele edlelweni elikwenye yalezi zindawo uXaba uthe kumele nakanjani abafuyi babiyelwe yonke indawo bese kufakwa izinkomo zohlobo lwa-boran ukwenza isibonelo ukuze zandise imbewu. Uthembise ukuthi uzobuya kule ndawo esikhathini esiyizinyanga

ezimbili lapho ezobe esezokwenekela abantu bakule ndawo ngomhlahlandlela wokuthuthukiswa kwale ndawo. Indawo yaKwaSwayimane ivundile futhi ihlala ngokuba manzi ngenxa yemvula ena njalo. Lokhu kwenza ikhiqize umoba osezingeni elihle kuhlenganisa amadumbe nobhatata. UMnu uXaba ukhuthaze abafuyi kanye nabalimi ukuba bengasabi ukuqala imisebenzi emikhulu baphinde baphokophelele ingomuso eliqhakazile, uphinde wagquguqula umphakathi ukuba babe nombono kanye nenhloso eqhamile ezoniphokophelisa phambili.



# SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula** izimpilo zabantu





www.kznonline.gov.za



# UHulumeni waKwaZulu-Natal

**Uzohambela isifunda saseMgungundlovu ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe.**

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Senzo Mchunu kanye noNgqongqoshe besiFundazwe bazohambela isifunda saseMgungundlovu ngaphansi kukaMasipala waseMkhambathini ngokohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe. Injongo yokuvakashela lesi sifunda ukuyokwethula izinhlelo zentuthuko nokubona inqubekela phambili yezinhlelo esezilethwe nguHulumeni kumphakathi ngaphansi koMkhandlu waseMkhambathini. Umongo walenyanga uthi “**SIGUBHA INYANGA YAMALUNGELO ABANTU**”

Lo mcimbi uhlelwe kanje: **30 March 2016 • Isikhathi: 09h00 ekuseni**

IWADI	INDAWO	UNGQONGQOSHE
02	Ophokweni Community Hall & Abebhuzi Hall	Premier Senzo Mchunu MEC: R. Pillay
03	Enkanyezini Community Hall	MEC: T.W. Mchunu MEC: W.G. Thusi
06	Ismonti Hall	MEC: N.P. Nkonyeni
04	Muzi Gumede Community Hall - kwaNjobokazi & Poni Hall	MEC: M. Mabuyakhulu MEC V.C. Xaba
05	Ogagwini Hall	MEC: Dr S.Dhlomo
01	Emaqonqo Community Hall	MEC:N. Dube-Ncube MEC B.E. Scott
07	Empekula Community Hall	MEC: N.Sibhidla-Saphetha

Mayelana nezinto zokuhamba, xhumana nobuholi bangakini. Izinsiza zikaHulumeni zizobakhona. ONgqongqoshe bazonikwa ithuba lokuhambela wonke amawadi aseMkhambathini.

**KwaZulu-Natal, Masisukume Sakhe!!!**